**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO EMABEDLANE MHLAKA 06 MARCH 2009.**

**Ngiyanibingelela nonke**

- Ukuhlangana kwethu namhlanje kukhombisa indlela osebuqine ngayo ubudlelwano nokuthembana phakathi kukahulumeni wethu nemiphakathi kule minyaka emihlanu edlule.

- Akumangazike ukubona abantu bakithi ababencishwe amathuba phambilini sebephumela obala besho ukuthi ngempela siyakwenza esizibophezele kukona. Bayasho ukuthi njengohulumeni okhethwe ngentando yeningi sisebenzela abantu bakithi ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lepolitiki.

- Namhlanje siphendula isicelo somphakathi ocele ukwakhelwa ibhuloho elizosiza imindeni ebalelwa ku-75 kule ndawo. Umphakathi ufuna ukufinyelela ezinkulisa, ezikoleni zendawo nasemgwaqeni omkhulu okutholakala kuwona izithuthi zomphakathi.

- Ngoba-ke singuhulumeni onezindlebe zokulalela, namhlanje sesilapha sizozibophezela ngokufaka imali engu-R11,4 million wokwakha iNyelele Pedestrian Bridge.

- Siyazi phela ukuthi iZululand ingenye yezindawo esifundazweni lapho abantu besahamba amabanga amade ngezinyawo beya emitholampilo, ezibhedlela, ezikoleni nasezimpeshenini abanye kumele bakhumule nsuku zonke uma bewela imifula. Yingakho-ke uMnyango utshale imali engu-R1,5 billion kulesi Funda ukwakha ingqalasizinda ngaphansi kuka-Operation Kushunquthuli.

- Sifake imali emisebenzini ehlanganisa, phakathi kweminye, uD1820, uD487, uP700, uP432, uP235/ P49/ P52, uP234, Umbhudula Road, iQwasha River Bridge, iMpembeni, iSikhwebezi Pedestrian Bridge, iThombothi River Bridge, uBivane River Bridge, iWela River Bridge, iKwaBhanya River Bridge, Intethe River Bridge neNsonyane Bridge.

- Akuqali njalo ukuthi sibe nohulumeni eNingizimu Afrika naKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu ezindaweni esesakhe kuzona le ngqalasizinda sebexoxa indaba ngoguquko abalubona ezimpilweni zabo.

- Njengokomgomo wethu, sihlale sisho ukuthi uma kwakhiwa kumele kuhlomule umphakathi wendawo kwezomnotho, osonkontileka bathole zonke izinto zokwakha khona endaweni futhi baqashe nabasebenzi bakhona emiphakathini eseduzane. Asidingi kufakwe ipolitiki kulokhu.

- Njengomphakathi sibhekene nezinselelo njengobugebengu, izifo ezingelapheki, ububha, ukuntuleka kwemisebenzi, nokunye. Kodwa lezi zinselelo zingalungiseka kuphela uma kunokuthula, intando yabantu nentuthuko. Lezi yizinto eziyisisekelo sempilo engcono kubantu bonke.

- Ngaphandle kuka-R1,5 billion esiwufake ngaphansi kuka-Operation Kushunquthuli, lesi Funda sesinoZibambele abangu-3 575. Kunama-saving clubs angu-211 aseqoqe imali engu-R1 433 980 kuze kube manje.

- Kukhona neminye imisebenzi esiyenzile ezindaweni ezingaphansi kwama-RRTF eMhlabathini naKwaNongoma, njengokufakwa kabusha kwenkwali ngesamba sika-R38 million, ukwakhiwa kwemigwaqo yezindawo (local roads) ngesamba sika-R6 million nokwakhiwa kwamazibuko okuwela (causeway) ngesamba sika-R5,7 million.

- Mangiphethe ngokusho ukuthi isibalo samabhuloho ezinyawo adingekayo KwaZulu-Natal sesenyuke kakhulu saba ngaphezulu kuka-400. Ngeshwa, izimali esizitholayo azanele ukuthi singakha wonke amabhuloho adingekayo.

- Nokho, sizolokhu sizama ngokusemandleni ukuvala igebe ngokufuqa umkhankaso ka-Operation Kushunquthuli ukuze ekugcineni izimpilo zabantu baKwaZulu-Natal zibe ngcono kunayizolo nekusasa labo libe ngcono kunenamuhla.

**Ngiyabonga**